


ISIBONISO

 ...ukubala kweLizwi. Okwenkonzo yokuvala, isizatho ngilicele ukuba lisukume...Lapho bekhalisa u-*The Star-Spangled Banner*, liyasukuma. Kalisukumi na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Mhl.] Khona-ke kungani singenzeli iLizwi likaNkulunkulu? Yinhlonipho. Manje ngale eBhukwini lika Ekisodusi, isahluko 12, siqala ngendima 12, Ngifisa ukubala ingxenye yoMbhalo, indima 12 lo 13.

Ngoba ngizadabula phakathi kwelizwe laseGibhithe lobubusuku, futhi ngitshaye...amazibulo elizweni lase—laseGibhithe, kokubili abantu lezinyamazana; futhi...ngenze izahlulelo: Ngiyi Nkosi.

Legazi lizakuba yisiboniso kini ezindlini lapho elikhona; lapho Ngibona igazi, Ngiyakulidlula, futhi isifo kasiyi kuba phezu kwenu ukulibhubhisa lapho ngichitha ilizwe leGibhithe.

2 Isihloko sami ngesokuthi: *ISiboniso*.

3 Asikhothamiseni amakhanda ethu khathezi. Futhi ekuthuleni Kwakhe kwalesi sikhathi esingewe, singakasondeli Kuye emkhulekweni, kungaba khona isicelo ongathanda ukuba uNkulunkulu asiphendule limini? Phakamisa izandla zakho nje nxa ulaso, futhi ucabange phansi enhliziyweni yakho lokho ofuna ukubana Akwenze. Loba ngaphi esakhiweni, cabanga nje lokho ofuna Akwenze.

4 Baba wethu oseZulwini, Wena unguNkulunkulu ongaguqukiyo, futhi siyakhuleka ukuthi Uzaphendula imikhuleko yethu, limini, lapho—lapho sibambe izandla zethu. Futhi Uyananzelela ukuthi izandla zami ziphezulu, lazo. Futhi lesicelo sami, ngizasenza saziwe emphakathini, lokho yikuthi, Nkosi, ukuthi Uzasilisa umuntu wonke phakathi lapha lamuhla, sindisa wonke olahlekileyo. Manje, Wena wathi, “Nxa ucela uBaba loba yini, eBizweni Lami, Ngizakwenza.” Manje, Nkosi, sizise ndawonye ukukholwa njengabantu ababambeneyo, babantwana abakhohwayo. Khuluma ngeLizwi Lakho, Nkosi. ILizwi Lakho liQiniso. Busisa inhliziyozethu.

5 Siya Kubonga ngalumhlangano. Siyakubonga ngoMfowethu Grant, langazo zonke izisebenzi zakhe, lamabandla wonke labantu. Futhi lakho konke Osenzele khona, Nkosi, silokuthokoza Kuwe. Baba, kungaba labanengi bethu lapha abangasoze baphinde babonane munye lamunye njalo khathezi, size sibone ngakwelinye icele. Leyi kungaba yinkonzo yokucina esizayihlala ndawonye kulumhlaba. Makuthi uMoya oNgcwele ubuye futhi usibusise ndawonye, asikhonze izidingo zethu. EBizweni likaJesu siyakhuleka. Amen.

Lingahlala phansi.

⁶ Ngilesiqephu sephepha esincinyane lapha, ngiyabhala iMibhalo lezinto ezincinyane. Kwakuvame ukuthi ngangiyikhumbula engqondweni yami, kodwa ngisanda kudlula amatshumi amabili lanhlanu, uyazi, lokho yikuthi, okwesibili. Futhi-ke angisakhumbuli njengalokho engangivame ukukwenza, futhi okunengi kakhulu okuphelela emhlanganweni lezinto, lokunengi okokwenza.

⁷ Isifundo sethu limini ngesokuthi: *ISiboniso*. Inkundla yethu iqala eGibhithe. Ngumfanekiso omkhulu lapha khathesi, ngifuna ukuthi lonke likubone futhi nje libe ngabahloniphayo ngelingakwenza. IGibhithe yindawo yenkundla, lesikhathi senkundla sisekuqaliseni kophumo.

⁸ Futhi, manje, kungumfanekiso walamuhla, utshengiswa, njengoba sikhangelane lokunye ukuphuma. UNkulunkulu ekhupha uIsrayeli phandle kweGibhithe, besiya elizweni lesithembiso, kwakungumfanekiso kaKhristu ekhupha uMlobokazi ebandleni, elisa eLizweni lesithembiso. Sikokunye ukuphuma. Manje nxa lingafunda uMbhalo, silesikhathi nje sokutshaya indawo eziphakemeyo zakho, kuliqiniso lokho. Siyi...Njengoba uNkulunkulu wakhupha isizwe esizweni, uNkulunkulu uzakhupha uMlobokazi ebandleni. UMlobokazi uzabizwa emabandleni wonke. Kuzakuba ngabakhethwe nguNkulunkulu, abazakhutshwa. Futhi sisemngceleni walokho kuphuma khathesi, ngoba silobufakazi boMbhalo ukuthi sime lapho. Manje, ngiyazi lokho kukhulunyiwe izikhathi ezinengi, kodwa, mngane wami, ngesinye isikhathi kuzakhulunywa okokucina. Isikhathi sizatshabalalela elaPhakadeni khona-ke. Uyeza ukuzothatha uMlobokazi ebandleni.

⁹ Isiboniso yiyo into eyenza umahluko phakathi kweGibhithe loIsrayeli, izizwe ezimbili. Babengabantu bonke, kodwa bonke bedalwe nguNkulunkulu, bonke bengumsebenzi wezandla zikaNkulunkulu, kodwa, umehluko lapho isijeziso sokufa siphiwa, umehluko phakathi kwempilo lokufa kwakuyisiboniso.

¹⁰ Futhi-ke kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana kaNkulunkulu, lapho Ekhupha uMlobokazi ebandleni, umehluko uzakuba yiSiboniso. Manje, lilalelisisa limini, futhi libone nxa kungasilo qiniso. ISiboniso sizakuba ngumehluko. Kufanele kube lomehluko.

¹¹ UNkulunkulu uzakwahlulela umhlaba, ngolunye usuku. Nxa ngingabuza abantu beKatolika, “Ngubani Azakumehlulela, kuyini Azakwahlulela umhlaba ngakho?” Bazakuthi, “Ibandla.” Ibandla liphi na? “Ibandla leKatolika.” Liphi ibandla leKatolika? Kulamanengi awo. IMethodisti izakuthi, “NgeMethodisti,” iBaptisti-ke isingaphandle kwakho. Khona-ke, nxa ungalahlulela ngebandla leBaptisti, amanye awo wonke angaphandle. AmaPhentekhostali athi, “NgePhentekhosti,”

khona-ke amanye awo wonke angaphandle. Bona, kuzakuba kuphica kakhulu, ukudideka okukhulu, kudida kakhulu engqondweni, ukucabanga ngento enjalo.

¹² Kodwa uNkulunkulu waye lendlela lapha leyo Athi Wayezakwahlulela umhlaba, hatshi ngebandla leKatolika, hatshi ngebandla leProtestanti. Kodwa Uzakwahlulela umhlaba ngoJesu Khristu, futhi uJesu yiLizwi, ngakho nanko kubuyela eBhayibhili ni njalo. Bona? Uzakwahlulela umhlaba ngeBhayibhili. Futhi iBhayibhili liBhuku likaNkulunkulu lokwahlulela, eliyisambulo esigcweleyo sikaJesu Khristu, ukuthi akula okunye okungangezelelwa kumbe olunye ulutho olungaphungulwa Kilo; isijeziso sokukwenza, libizo lakho likhutshwa eBhukwini lokuPhila. Hlala khona nje eBhukwini, futhi sikhuleke kuNkulunkulu ukusenza sibe yingxenye yaLokho.

¹³ Manje siyathola, isiboniso, kuyini isiboniso? Isiboniso yisibonakaliso sentengo ebhadelweyo, isiboniso siyikho. Njengamankampani ethu ezitimela lamankampani amabhasi, siyathatha imali yethu futhi sihambe esititshini. Manje, bona, inkampani yebhasi kayivunyelwa, endaweni lapho iziboniso ezisetshenziswa khona, abavunyelwa ukuthatha imali. Abangeke bathathe imali, kuthatha isiboniso; sithi, izindizamtshina, loba lani okunye. Uyahamba endaweni ethile, ekhawunteni ethengisayo, futhi uthenge, emalini yakho, iziboniso ezinengi, lesi isiboniso esithile. Futhi lesi isiboniso siyisibonakaliso sokuthi uhambo lwakho solubhadalelwe. Ulelungelo lokukhwela umkhumbi, ukukhwela indizamtshina, ukukhwela ibhasi, kumbe loba yini okuyikho, lapho kuphela uthwele isiboniso ukutshengisa ukuthi ukugada kwakho—kwakho kubhadalelwe. Manje khumbula lokho. Lingakukhohlwa.

¹⁴ Iwundlu likaIsrayeli elahlatshwayo kwakuyi... kwakuyindingakalo kaNkulunkulu. UJehova wayedinga iwundlu elihlatshweyo, isibambiso esingelacala. Njengoba besedlule evikini eledluleyo manje, ukuthi uNkulunkulu, lapho Ezenza isinqumo, Akasiguquli. Futhi Wenza indlela, into Yakhe yokuqala Ayenzayo lapho umuntu esewile, kwakufanele Amenzele indlela yokuthi abuyele, nxa Wake wafuna ukumhlenga, futhi Wenza isinqumo sokuthi Wasindisa umuntu ngeGazi laLowo ongelacala. Futhi Wenza into efanayo nini lanini. Akaze ayiguqule. Akula ndawo lapho uNkulunkulu angahlangana loba nguphi umkhonzi, kuphela ngaphansi kweGazi. Yiyo kuphela indawo Yakhe.

¹⁵ Siyazama Ukumenza ahlange ngaphansi kwesayensi yenkolo zethu, ngaphansi kwenhlanganiso zamasonto ethu, ngaphansi kwezinhlelo zethu zemfundo. Abanye bayakhe imiphongolo futhi abanye bakha amadolobho, iBhabhiloni lo—lomphongolo weBhabheli, lazo zonke inhlobo zezinto

ezehlukeneyo. Kodwa lokhu kusasekhona, uNkulunkulu uhlangani lekhola leqiniso kuphela ngaphansi kweGazi. Akakuguquli. Asingeke sonke sibe ngamaMethodisti, asingeke sonke sibe ngamaPhentekhostali, asingeke sonke sibe *yilokhu, lokho*, kumbe *okunye*, asisoze sivumelane. Kodwa lapho ngisiza emuntwini, makabe ngumpristi weKatolika kumbe loba yini ayikho, lapho ngaphansi kwalelo Gazi singabazalwane, kungelandaba ukuthi ungaphi, lapho kuphela ngaphansi kwalelo Gazi.

¹⁶ Manje, iwundlu likaIsrayeli elahlatshwayo laliyisidingo sikaJehova, futhi igazi kwakuyisiboniso ukuthi umsebenzi wawusuyenziwe. UNkulunkulu wayelifunela ukuhlengwa, kusuka eGibhithe, ukuya elizweni lesithembiso, Wayedinga inyamazana ehlatshiweyo. Futhi leyo nyamazana kufanele ibe... Igazi lenyamazana efileyo kufanelwe lifakwe emgubazini lasemnyango, futhi lokho kwakumela isiboniso ukuthi into uJehova ayeyidinga yayisigewalisiwe. Bona? Manje, akusilo wundlu elaliyisiboniso, igazi laliyisiboniso. Manje, impilo yayiphumile emhlatshelweni, futhi manje igazi laliyisiboniso. Izilayezo zakhe zasezenziwe. Igazi lamela isiboniso, isibonakaliso sokuthi lelikholwa lalenze khona kanye lokho isidingo esasiyikho. Kwakuyisiboniso. Kulungile, sibona ikholwa, likhonza, khona-ke labonakaliswa kanye lomhlatshelo walo. Bona?

¹⁷ *Nanso* indlu, futhi lomkhonzi, kuyini okwakufunakala? “Hlaba iwundlu. Ngosuku lwetshumi lane emva kokuba selibekwe phezulu, e—eliduna lingelasici, uIsrayeli wonke uzalahlaba, futhi igazi lizathathwa ngehisopu futhi libekwe emgubazini womnyango.”

¹⁸ Futhi, kanje, leyo hisopu kwaku lukhula olujwayelekileyo. *Hisopu* kutsho “ukholo lwakho.” Omunye umuntu uzama ukuba lokholo lukamoya, yiso isizatho useqa ukusiliswa kwakho. Ukholo luyinto ejwayelekileyo. Ulokholo lokubuya ebandleni. Ulokholo lokuphuma phandle lapho. Ulokholo lokuvusa imota yakho. Ulokholo lokudla ukudla kwakho kwantambama. Yiyo indlela okuyiyo, ukholo olujwayelekileyo nje. Manje ukufaka igazi, lalifakwa ngehisopu, okulukhula olujwayelekileyo olumila loba ngaphi ePalestina, kutshengisela ukuthi ukholo igazi eliyabekwa ngalo akusiyonto enkulu okumele ube layo ukuba lenhlobo yonke yamadigri obudokotela ukukwenza. Kujwayelekile nje, ukholo lwansukuzonke, ukukholwa uNkulunkulu. Bona? “Beka igazi,” ngokholo, “ngehisopu.”

¹⁹ Manje, umkhonzi, khona-ke, ebonakala ngaphansi kwaleli gazi, kwatshengisa ukuthi wayesenze isidingo sikaJehova, futhi wabonakaliswa. Isiboniso satshengisa ukuthi wabonakaliswa kanye lewundlu elahlatshwayo uJehova ayelidinga. Umsebenzi wenziwa. Luhlobo bani olupheleleyo lamuhla, lukaKhristu

lekholwa. Lapho iSiboniso sitshengiswa kumkholwa, khona-ke Kutshengisa ukuthi kwamukelwe futhi umsebenzi usuyenziwe.

²⁰ Khona-ke, igazi kwakuyisiboniso sokuzibambanisa, igazi ngokwalo. Inyamazana yopha, yafa, futhi igazi layo lalisemdulwini. Manje, impilo yenyamazana, yayisegazini. Futhi impilo isegazini, siyakwazi lokho. IBhayibhili latsho njalo, futhi isayensi iyakufakaza, impilo isegazini. Ngakho khona-ke lapho inyamazana ibulawa, futhi impilo yaphohlozwa enyamazaneni, igazi kwakufanele libe ngokubumba igazi, ukumela isiboniso. Ngoba, impilo eyayisegazini yayingeke iphenduke phezu kwekholwa, ngoba kwakuyimpilo yenyamazana.

²¹ Futhi impilo yenyamazana lempilo yomuntu kwehlukene ngempela. Akula, lutho phakathi kwalo lakancinyane. Wathatha, thatha igazi lenyamazana ulifake kuwe, uyafa. Ngakho uyabona, thina, kuyi—kuyimpilo eyahlukileyo egazini lenyamazana kulaleyo ekhona egazini lomuntu, ngoba umuntu ulomphefumulo. Inyamazana kayilamphefumulo.

²² Futhi manje, ngalokho, igazi ngokwalo, zwisisa manje, okubumbayo okubomvu, okubumba igazi, kwakumele kume phandle emnyango, njengesiboniso ukuthi iwundlu lalifile, manje, ngoba impilo yewundlu yayingeke iphenduke emuntwini ongumkhonzi. Kodwa lamuhla . . . Kwakungumfanekiso kuphela.

²³ Lamuhla kaysikho okubumba iGazi leNkosi uJesu, iWundlu lethu, kodwa yiMpilo eyayiseGazini, okunguMoya oNgcwele. Iyaphenduka futhi iyiSiboniso sokuthi samukele futhi senza khona kanye lokho uNkulunkulu asitshela khona ukukwenza. Futhi-ke, ngokuba leSiboniso, siyabanjaniswa loMhlatshelo wethu. Ngokupheleleyo. Angiboni ukuthi enye into njalo engabasobala okwedlulisileyo. Bona?

²⁴ Indlela kuphela loba ngubani owayengatsho ukuthi leyondlu yayingeyangaphi, futhi, ngaphansi kwegazi, ngoba okubumbayo igazi kwakusemnyango. Bedlula ngalapho, iNgilosi yokufa yayimele ikhangele futhi ibone igazi. Manje, njalo, kwakungumfanekiso kaMoya oNgcwele.

²⁵ Manje, bona, iGazi uqobo likaJesu lalingeke libuye phezu kwamunye lamunye wethu, ngoba WayeleGazi elingako nje emzimbeni Wakhe. Futhi lophalaphuma, emzimbeni Wakhe, liwela phansi, iminyaka ezinkulungwane ezimbili ezedluleyo; kodwa kwakungamelanga libe ngeleSiboniso. IMpilo, iMpilo eyayiseGazini, yaye iyiSiboniso manje. Ngizakufakaza khona kini, nje ngomzuzu, ngeBhayibhili. YiSiboniso esizakuza phezu komunye lomunye wethu, ukutshengisela ukuthi sibanjaniwe loMhlatshelo wethu, futhi sesenzile isidingo sikaJehova.

²⁶ UPhetro wathi, ngoSuku lwePhentekhosti, “Phendukani, munye lamunye wenu, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwesono, futhi lizakwamukela

isipho sikaMoya oNgcwele. Ngoba isithembiso ngesenu, lakubantwana benu, futhi lakubo abakude, labo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezakubabiza.” Bona, engakutshengisi nje kubo. “Bonke labo iNkosi ezakubabiza.”

²⁷ Kulabanengi abacabanga ukuthi babiziwe. Kodwa bonke “iNkosi” ebabizayo! “Labo Abazi ngaphambili, Wababiza; bonke labo Ababizayo, Wabalungisisa; bonke labo Abalungisisayo, Ubakhazimulisile,” vele yona into isiqediwe.

²⁸ Futhi-ke lapho uthatha umuntu ongakholwayo ukuthi uMoya oNgcwele ngowalolusuku, bona lokho abakwenzayo? Bayalandula iSiboniso esingumfanekiso uqobo wakho uhlanganisiwe kanye loMhlatshelo wakho. Bona lokho engikutshoyo? Kulula kakhulu nxa ungakhangela kikho nge—ngendlela leyo uNkulunkulu abelakho kubhaliwe manje. IGazi lasithwala futhi sasi...litshengisa u—umfanekiso kaMoya oNgcwele, oyimpilo.

²⁹ Manje, impilo yenyamazana yayingeke iphenduke emuntwini, ngoba kwakungeke kuhambelane, impilo yenyamazana ayilamphefumulo kiyo. Impilo yomuntu ilomphefumulo. Inyamazana kayikwazi ukuthi inqunu. Ayikwazi okuhle kokubi. Yona, yona nje... Yona i—ilomoya, kodwa hatshi umphefumulo. Manje khumbula, manje, umphefumulo yimvelo yomoya, yebo sibili.

³⁰ Manje khangelani, kodwa-ke lapho impilo yoMhlatshelo wethu, uJesu Khristu, lapho iGazi Lakhe lichithwa... WayenguNkulunkulu, evalelwe eMuntwini oyedwa. Manje, Wehla phansi ekubeni nguJehova, ukuZibonakalisa njengomuntu, ukuZithathela isimo somuntu, ukusibambanisa kanye Laye. WayeliWundlu likaNkulunkulu. Futhi ngangaphakathi Kwakhe, lapho iGazi... .

³¹ Manje ngiyazi omunye uthi, “Wayeligazi lamaJuda.” Uyezwa amaJuda esitsho lokho. Wayengasilo gazi lamaJuda, futhi Wayengasilo gazi labeZizwe. WayeliGazi likaNkulunkulu. Wayengelalo elamaJuda... Wayengasuye mJuda kumbe oweZizwe. WayenguNkulunkulu. “I—i—intombi izakhulelwa.”

³² Manje, ngiyazi abanengi benu lina bantu lamaProtestanti licabanga ukuthi iqanda lalingelika Mariya. Futhi u—umbala obomvu wesicucucu ozayo, impilo ingena kusicucucu segazi. Ngoba, isikhukhukazi singabekela iqanda, singazange sihlngane leqhude, kalisoze lacacada, ngoba kalilampilo. Impilo ivela egazini, lelo elivela ebulilini bowesilisa. Kodwa kulindaba kwakungela bulili bowesilisa, ngakho, “impilo esegazini,” kwakufanele ivele kuNkulunkulu kuphela, futhi Wadala isicucucu sesakhi seGazi esizalweni sikaMariya. UNkulunkulu Ngokwakhe, uMdali Ngokwakhe, wadala isicucucu sesakhi seGazi. Manje khangela. Bathi, “Awu, kwakungumzimba. UMariya wayeleqanda.” Hatshi, mnumzana.

Wayengelalo; akulaqanda. Nxa kwakuliqanda, awungeke uthole ubudoda kungela kuphakama kwemizwa. Futhi nxa Yena, yena waba lokuphakama kwemizwa, umenza esenzani uNkulunkulu?

³³ Wadala kokubili iqanda leGazi. Lokho yikho kanye Ayeyikho. “Sambamba uNkulunkulu,” iBhayibhili latsho. UTimothi wokuQala 3:16, “Kungelampikiswano inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu: UNkulunkulu wabonakaliswa enyameni. Sambamba Yena ngezandla zethu.” Lowo mzimba wawunguNkulunkulu. Impela, kwakunguye. WayenguNkulunkulu wonke, esesimweni somzimba womuntu.

³⁴ Manje siyananzelela kulokhu, ukuthi leso sicucucu sesakhi seGazi sibulawa, sakhulula uNkulunkulu. “UNkulunkulu wayeku Khristu, ebuyisa umhlaba Kuye.” Lapho, kungela omunye owayengakwenza, akula okunye okwakungenziwa; kwathatha lelo Gazi elingwele, Ngokwakhe. UNkulunkulu wayefanele ehle phansi futhi abe ngumuntu, ukuthi ahlupheke umthetho Wakhe uQobo. Nxa uJesu wayengumprofethi nje, umuntu owahlukaniswe kuNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu kalunganga.

³⁵ Nxa ngingathi, “Makuthi uMfowethu uGrant afele isono uBilly afanele ukusifela,” kumbe eyinye into, esinye isijeziso, lokho kuzakuba kungalunganga. Nxa ngangilomfana wami uqobo ukuthi afele isijeziso engisimemezeleyo, kulokhu kungalunganga. Kukhona kuphela ukulunga okukodwa engingakwenza, lokho yikuthatha indawo yakhe, nxa ngifuna ukumsindisa.

³⁶ Futhi uNkulunkulu waba yinyama, ukuze athathe indawo yesoni; uNkulunkulu ebonakalisiwe enyameni, kungekho lutho olungasiNkulunkulu Ngokwakhe. Manje, nangu Elapha, ebonakalisiwe enyameni, ukuze akhuphe izono zomhlaba. Futhi WaZibonakalisa kithi, ukuze thina sibonakaliswe Kuye. Uyayibona injongo yakho na?

³⁷ Manje siyafumana ukubonakaliswa kwethu kanye loMhlatshelo wethu, iMpilo yoMhlatshelo ikithi, okunguMoya oNgewele. Lapho leso sicucucu sesakhi siphahlazwa, sakhulula uNkulunkulu, sakhulula uNkulunkulu, ukuthi Wayengewelise abantu ngeGazi Lakhe uQobo futhi kwabeka uNkulunkulu phakathi komuntu njalo. UNkulunkulu ekuwe, iMpilo elaPhakade!

³⁸ Futhi loba yiwuphi umfundi wesiGriki uyakwazi ukuthi lelo bala, iMpilo elaPhakade, ivela ebaleni Z-o-e, Zoe, okutsho ukuthi “IMpilo kaNkulunkulu uQobo.” Kunjalo. Indlela kuphela ongaba leMpilo ngayo, kulohlobo olulodwa kuphela lweMpilo elaPhakade, futhi leyo yiMpilo kaNkulunkulu uQobo kuwe. Bona? Khona-ke uleMpilo elaPhakade, ngoba Uyiyo kuphela ilaPhakade ekhona. Futhi siyizifanekiso zomcabango Wakhe, kungakabi lesisekelo somhlaba kumbe olunye ulutho. Konke

lokhu nje yikucabanga Kwakhe, futhi siyikuvezwa obala kwemicabango Yakhe yalokho eyaye iyikho.

³⁹ Futhi kwakumele Ehle phansi ukuze asuse isono. Akula omunye owayengakwenza. Kwakungela owayefanele ukukwenza. Akula owayengakwenza kodwa Yena, futhi Wakwenza.

⁴⁰ Futhi-ke, lapho impilo leyo ikhululwa emzimbeni lowo, uMuntu, okwakuyiNdodana kaNkulunkulu (Amandla Akhe adalayo enza isakhiwo, njenga loba nguphi ukontilaka, wakha isakhiwo lesa Angena kuso, Ngokwakhe, uNkulunkulu wakwenza lokho.), futhi-ke, lapho impilo leyo ikhutshwa, iGazi, ukubumbeka kwalo, lathululwa emhlabathini, njenge likaAbela *olungileyo* lathululwa phezu komhlabathi, kodwa kusukela kulelo Gazi kweza uMoya oNgewele kaNkulunkulu, futhi Lokho kwathunyelwa ebantwini ngoSuku lwePhentekhosti, ukubonakaliswa kanye loMhlatshelo owabafelayo. Akula enye indlela emhlabeni esingakuthola ngayo. ISiboniso esiqotho!

⁴¹ Khangela, nxa wawulecala lokufa, futhi usazi ukuthi uya esihlalweni segetsi, futhi khumbula, ukulahla . . .

⁴² Dallas, lalela! Ukwala iGazi likaJesu Khristu, iSiboniso seGazi Lakhe, nxa uLibona futhi uliyale, uzakuya khangelana lokwaHlulelwa leGazi Lakhe lisezandleni zakho. Soni, lunga lebandla, kukhumbule lokho.

⁴³ Aluba uLee Oswald wayengabe enelisile, zona insuku ezinlutshwane, futhi lalokho kuginqa phambi kwalowoMthethwandaba oMkhulu okwakufanele akhangelane lawo; futhi wakwazi, ekubulaleni uMongameli, kwakungasoze kube lechatshana elilodwa lesihawu, ukuthi lowomuntu wayengabe wezwa njani! Kufanele ukuthi kwaba yinto enkulu okungakanani. Akazange akhangelana layo, ngoba omunye umfo wamdubula. Kodwa cabanga ngokuhlala lapho phambi koMthethwandaba oMkhulu othukuthelayo, legazi lomunye wakho esandleni sakho, uMongameli weUnited States! Lokho kuyakuba yinto encane, kini lina bantu eledlula eGazini likaJesu Khristu, lapho lizakuma kumithethwandaba kaNkulunkulu. Ginqa ngakho lapho ukwazi. UOswald wayengabe enze okungedluli ukuthi atshiye limpilo, kodwa uNkulunkulu uyakwahlukanisa ngokulaPhakade eBukhoneni Bakhe. Kuzakuba yinto enkulu. Nanzelela.

⁴⁴ Nxa wawumele ubuye emithethwandaba, ngokuba lecala, ungadinga igqwetha elikhulu ongalithola. Loba ngubani angakwenza.

⁴⁵ Futhi wonke umuntu ozelwe emhlabeni, angilandaba lihle okunganani ikhaya aphuma kilo, ulecala ngeGazi likaJesu Khristu aze amukele ukuthethelelwa kwalo. Futhi indlela kuphela okwazi ngayo ukuthi ukuthethelelwa kuyikho, lapho iSiboniso siZibeka phezu kwakho, futhi ulaso iSiboniso.

46 Nanzelela, ulecala, futhi ungadinga ummeli omkhulu ongamthola ukumela icala lakho. Futhi nxa bengisiya eKwahlulelweni kukaNkulunkulu, angifuni mpristi, angifuni muntu; ngifuna ummeli omkhulu engingamthola ukumela icala lami.

47 Mangithi kulokhu, kini, bangane bami abangamaKhristu. Ummeli wethu ungumahluleli wethu njalo, futhi umahluleli wethu—wethu waba ngummeli wethu. Icala liqediwe lapho sisemukela uxolo Lwakhe. Umahluleli Ngokwakhe wehla phansi futhi waba ngummeli, futhi ummeli lomahluleli nguMuntu ofanayo. UNkulunkulu waba ngumuntu, ukuze Alungisise umuntu ngokufa Kwakhe uQobo lokho Akubeka phezu kwakhe. Haleluya! Lokho kutsho, “Dumisa uNkulunkulu wethu!” Ufanele indumiso yonke. Umahluleli wethu ummeli wethu nguMuntu ofanayo.

48 UMoya oNgcwele yiSiboniso ukuthi sithethelelwe. Indaba isivaliwe. Kuyo yonke indoda lomfazi lowo owemukele ngokweqiniso ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, wavivinywa, ubanjani swa lommeli wakhe, lomahluleli wakhe, lomhlatshelo wakhe, leSiboniso asibambayo emandleni akhe sitshengisa ukuthi uhambo lwakhe lubhadelwe usiya eNkazimulweni. Amen. Sokuphelile. UPhethe lesoSiboniso. Ngesakhe, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, okuyibufakazi bokuvuka kukaJesu. Amen. Liyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Yiso isitshengiselo sakho, uphethe iSiboniso.

49 Manje nxa ungela lesoSiboniso, kawusoze ungene. Kumele ube leSiboniso. Yiyo inhlawulo edingakalayo, “Lapho Ngibona igazi, igazi yisiboniso. Lapho Ngibona igazi, Ngizakwedlula phezu kwenu.” Kumele ube leSiboniso. Nxa ungelaso, ngani, awusoze uhambe. Kumele ube leSiboniso.

50 Nxa isiboniso singatshengiselwanga, isiboniso singatshengiselwanga phansi lapho, lesivumelwano sasingasebenzi. Uthi, “Awu, manje, Mfowethu Branham, manje mana nje umzuzu.” Kunjalo sibili.

51 Isiboniso sasingaphezu kwesivumelwano. Ngoba uIrayeli wayelesivumelwano sokusokwa, futhi loba nguphi umJuda wayengaphuma phandle futhi atshengise loba ngubani, “Ngingafakaza kuwe ngisokiwe, ngingumJuda, ngisokiwe ngokuya komlayo kaJehova,” kodwa loba kunjalo lokho kwakungamxotshi nxa isiboniso sasingekho futhi. Kufanele atshengise isiboniso. Liyakuthola na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Yena...Isiboniso kufanele sibe lapho, loba njani. Futhi nxa usesivumelwaneni...Nxa loba uphi umJuda engathi, “Angibeki gazi emnyango wami, Ngingafakaza ukuthi ngingumJuda wesivumelwano,” iNgilosi yokufa yayimthola. Kungela ndaba lokuthi wayethembakale kangakanani, wayelilunga lebandla elinganani, ukuba wayebhadala

okwetshumi kangakanani, ukuthi wayethi ukholwa uJehova okungakanani; uJehova wayedinga lesosiboniso.

⁵² Futhi Uyakwenza lamuhla, futhi. Kufanele kube njalo. Kumele kube njalo, “Ngoba kakula enye indlela ngaphansi kweZulu, akula elinye ibizo eliphiweyo, loba ngayiphi indlela,” kungenani lokuthi kuhle okungakanani, uthembeke okungakanani. Leso Siboniso kufanele sibe lapho, futhi sitshengiswe.

⁵³ “Igazi,” wena uthi, “awu, ngibulele iwundlu futhi ngalifaka ejagini. Ngilifake ngemuva lapha.” Akusikho lokho Akutshoyo. Kufanele libe semgubazini lasendaweni yomnyango. Kufanele ukuthi litshengiswe.

⁵⁴ Futhi impilo yakho kufanele ukuthi itshengise iSiboniso ukuthi sikuwe. O, lina maPhentekhostali, kuyini okuphambanisekileyo ngani na? Inwele ezigeliweyo, ubuso obuconjiweyo, madoda, insomo ezingcolileyo lezinto, kungaphi lokho kutshengiswa iGazi leNkosi yami uJesu Khristu leSiboniso sikaMoya oNgewele? Wena, ulesimo sobunkulunklu, futhi ukubiza “ubuthakathi” layo yonke into, imsebenzi kaNkulunkulu, “ubuthakathi.” Utshengisa kanjani isiboniso?

⁵⁵ Bathi, “NgingumPhente-...” Kangilandaba ukubana uyini. “NgingumBaptisti. ngingumPres-...” Angilandaba ukubana uyini. Leso Siboniso kufanele sibe lapho. UNkulunkulu uyaKufuna, futhi akula okunye kodwa lokho.

⁵⁶ Wena uthi, “Awu, ngilekadokotela.” Angilandaba ukuthi ulamadigri amangaki olawo. UNkulunkulu ufuna leso Siboniso, futhi Lokho kuphela. Kuyisibonakaliso ukuthi indlela yakho ibhadalelwe. Akayi kuthatha incwadi zakho kumbe olunye ulutho. Kufanele abe laleso Siboniso.

⁵⁷ Umtshayeli webhasi uthi, “Lapha, mana okomzuzu, lolo leso kasiso isiboniso sami.”

⁵⁸ Indoda yendizamtshina ithi, “Awu, phuma phandle ngale khathesi.” Itikiti yisiboniso. Uyaphuma phandle lapho futhi utshele umtshayeli wendizamtshina, “Lapha, ngifuna ukungena endizamtshineni yakho. Yimalini?”

“Ngena futhi uthathe isiboniso sakho.”

“O, ngizakukubhadala.”

⁵⁹ “Angeke ngiyithathe. Awusoze ungene endizamtshineni yami uze uhambe ubhadale intengo futhi uthole isiboniso. Ngidinga isiboniso.”

Wena uthi, “Awu, ngaya esikolo. Ngenza *lokhu*. Ngi . . .”

⁶⁰ Angila ndaba ukuthi wenzani, kumele ube leSiboniso kungenjalo kawugadi. Ameni futhi ameni. Alikuboni na? UNkulunkulu ufuna leso Siboniso. “Lapho Ngibona igazi,

futhi kuphela Ngizakwedlula phezu kwakho lapho Ngibona isiboniso.”

⁶¹ Singatshengiswanga, isivumelwano sasingasebenzi. UmJuda wayengathi impela futhi azifakaze ukuba ngu—ngumJuda osokiweyo, wayengathatha abazalwane futhi athi, “Khangela lapha, ngisokiwe.” Lokho kwakungatsho lutho.

⁶² Wena uthi, “NgingumMethodisti. NgingumBaptisti. NgingumPhentekhostali. Ngiyilokhu. Ngiyilokho.” Lokho akutsho lanto eyodwa.

⁶³ Kumele ube leSiboniso. Futhi lapho iSiboniso sisiza, Sifakaza ngoKhristu. Wathi sizaKwenza. Futhi uKhristu yiLizwi. Futhi ungalandula kanjani ukuthi iBhayibhili liyiqiniso, ingxenywe Yalo, futhi ube ulokhu usithi uleSiboniso, lapho iSiboniso siyibufakazi bukaJesu Khristu? Bona, nanko lapho engimangala khona.

⁶⁴ “O,” uthi, “Angikholwa, ngikholwa insuku zezimanga . . .” O, khangela, akula Siboniso lapho. ISiboniso sivumela iLizwi lonke ngo “ameni,” yonke into, ngoba linguNkulunkulu Ngokwalo. Bona? Kulungile.

⁶⁵ Kodwa nxa isiboniso sasingekho, isivumelwano sasingasebenzi. Sasisesulwa. Kuyafana lakhathesi! Akulandaba ukuthi utsho kanganani—uzatsho kanganani, uzakutsho kanganani, “Ngiyakholwa iLizwi lonke eBhayibhilini,” uthi, “Mfowethu Branham, ngi—ngingakucaphunela ingxenywe yaleloBhayibhili, iBhayibhili lonke, ngenhliziyo. Ngiyakukholwa konke okuncinyane Kwalo.” Lokho kuhle. USathane uyakwenza, laye. Uh-huh. Kuthatha iSiboniso!

⁶⁶ “Awu, Mfowethu Branham, ngilomduli wami ogcwele amadigri. Ngiyi Bachelor of Art, futhi ngiledigri lobudokotela, futhi leLLD. yesiLatin. Futhi, o, ngabhala amabhuku. Ngenza lokhu. Ngenza yonke into. Nge—ngeze izinto zonke lezi.” Angilandaba. Lokho konke kulungile, kodwa kunjalo kumele ube leSiboniso. ISiboniso, kunjalo iSiboniso lokhu sidingakala!

⁶⁷ Wena uthi, “Ngingumfundi weBhayibhili. Ngingu—ngingumuntu olungileyo. Ngiyilokhu, lokho.” Lokho kungabe kukuhle, kuhle konke lokho, kodwa lokhu kusafanele kube leSiboniso!

⁶⁸ Manje, ukufa kwasekulungiselele ukutshaya iGibhithe loba nini, futhi lokunjalo ukufa kulungiselele ukutshaya isizwe manje loba nini.

⁶⁹ Anna Jeanne, ngezwa enye into njengobaba wakho, wakhuluma isitsho ngesinye isikhathi. Ngihlezi ngikuthanda lokho. Wathi, “Uyazi, isizwe lesi, silezono ezifanayo, nxa uNkulunkulu evumela iMelika iphunyuka ngalokho ekwenzayo, Uzakubotshelwa ngomthetho wokulunga ukuvusa iSodoma leGomora futhi axolise kibo, ngokubatshisa.” Futhi kunjalo.

⁷⁰ Khumbula, uIsrayeli wabhadalela isono sonke asenzayo, futhi lathi sizakwenza. Siyekethisa okunganani esesisiba yikho? Bophani ziqine izikhali! Phendukani kuNkulunkulu, bandla! Angitsho izinto lezi ukuba ngahluke. Ngilitshela njengesixwayiso. Kholwani!

⁷¹ Ukufa kwasekulungele ukutshaya. UNkulunkulu Wayesebatshengisile isihawu Sakhe, ngamandla lezibonakaliso lezimanga (ngakho Ukwenzile lamuhla ngaphambi kokukhupha iBandla), babelokhu bengafisi ukuthi bephenduke lokukholwa umbiko.

⁷² Bona, kwakulombiko ngaphambi kokukhutshwa kwebandla. Kufanele kube khona. Okufanayo khathesi. Konke ukwenzakala kukamoya kuyisibonakaliso esivela kuNkulunkulu. Liyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] NjengoMbiko, kulesibonakaliso futhi-ke uMbiko ulandela isibonakaliso. UNkulunkulu watshele uMose, wathi, “Nxa bengeke bakholwe ilizwi lesibonakaliso sakuqala, mhlawumbe bazakholwa ilizwi lesibonakaliso sesibili.”

⁷³ Manje, lapho ubona izibonakaliso ziqhubeka, futhi kungela mbiko ngemuva kwakho, isikolo sakudala nje esifanayo sesayensi yenkolo laphansi kusehla, lokho kwakungaveli kuNkulunkulu. Kodwa lapho okutshengiswa khona isibonakaliso, uMbiko uyasilandela. Manje khangela. UJesu weza enkundleni. . .

⁷⁴ Ngabe ngilibangela umsindo na? Kumbe ngubani okulimayikhrofoni lapha, kuzwakala sengathi kuyaphenduka. Mhlawumbe kulomsindo kancinyane. Ngifuna ukuthi likuthole.

⁷⁵ Lapho uJesu esiza enkundleni, Akazange akhulume okunengi kakhulu ebantwini, wonke umuntu Wayemfuna ebandleni lakhe. “O, lumProfethi omcane, siyathokoza nje ukuba Laye.” Wayesilisa abagulayo. “O, udumo kuNkulunkulu. UNkulunkulu uvuse uMuntu omkhulu phakathi kwethu.” Lokho kwakukuhle. Ngakho ngolunye usuku kweza endaweni lapho. . . Leso kwakuyisibonakaliso Sakhe.

⁷⁶ UIsaya 35 wathi kuyakuba yisibonakaliso. “Isiqhuli sizakweqa njengendluzele,” lokunjalo, “iziphofu zizabona.” Kwakuyisibonakaliso.

⁷⁷ Watshengisa isibonakaliso Sakhe njengoMesiya, lokunjalo. Futhi bona, abanengi babo, bathi, “Yebo, ngingakuthatha lokho.” Awu, manje, nxa lokho kwakuyisibonakaliso, kumele kube lelizwi laleso sibonakaliso. Laliyini ilizwi ngemuva kwaso? Lapho Eqala ukufundisa imfundiso Yakhe futhi ebabize ixhuku lezinyoka etshanini. Wayengasela dumo kusukela lapho kusiya, bona, lapho ilizwi lisiza lesibonakaliso. Isibonakaliso sahamba kuqala.

⁷⁸ UMose waya phansi eGibhithe lesibonakaliso. Futhi waphosela phansi intonga yakhe, yaphenduka yaba yinyoka.

Leso kwakuyisibonakaliso. Kodwa emva kwesikhathshana, ilizwi labuya lesibonakaliso. Khona-ke kwasekwahlukile. Bona, abakufuni lokho. I—ilizwi, kufanele li, lilandele isibonakaliso. Futhi akula ngesinye isikhathi okwakungabuya ngaso kodwa leso sikhathi, ngoba kwasekuyisikhathi seMibhalo ukuthi igcwaliseke. Khangela lokho Amtshela khona, esihlahleni esivuthayo, “Ngibonile ukububula futhi ngabezwa abantu Bami, futhi ngibonile ukhulupheka kwabo ngabancindezeli beGibhithe, futhi ngiyakhumbula isithembiso Sami engasenza kuAbrahama.” Iminyaka engamakhulu amane yayisiphelile, futhi Watshela uAbrahama babezakuba bephansi lapho. Bona, akula esinye isikhathi okwakungaba yiso. UMose kwakufanele abuye nje kuleso sikhathi.

⁷⁹ Iwatshi enkulu kaNkulunkulu itshaya ngokupheleleyo. Ayiyikuba phambili ngomzuzu owodwa kumbe umzuzu owodwa emuva. Izakuba khona kanye esikhathini. Awu, ngakho, uyabona, yonke into yayihamba kahle, kwakungeke kubuye kwezinye izikhathi.

⁸⁰ Loba izinto lezi zazingeke zibuye kwezinye izikhathi. Lokhu kwakungeke kubuye ensukwini zikaLuther. Kwakungeke kubuye ensukwini zikaWesley. Insuku zamaBaptisti kumbe amaMethodisti, ensukwini zabo, kwakungeke kubuye. Kufanele kubuye khathesi. UIsrayeli kufanele abe yisizwe. Amabandla kufanele abenjengalokho ayikho khathesi. Kwakufanele kube lombiko wesithathu, isikhathi sebandla sesithathu. Kwakufanele kube leLawodikeya. kwakungeke kubunjwe kuze kufike iPhentekhosti futhi yenza isiqamu sayo futhi yaphuma futhi yaba yinhlanganiso, futhi benza abakwenzayo. Khona-ke kufanele ibuye, khona-ke besekusiza iNkosi, lapho beMkhupha ebandleni. UyiLizwi.

⁸¹ Bayesaba ukugolomba leloLizwi loba ngaphi. Bathula bathi zwi Ngakho, kodwa kukanti bayaphophothisana ngalo.

⁸² EChicago, lapha kungasikude, lapho iNkosi ingipha umbono. Ngangilabatshumayeli abangamakhulu amathathu phansi lapho. Ngathi, “Manje ngiyakwazi ukuthi lina li...” mayelana ngenzalo yenyoka, lokunjalo, ngathi, “omunye wenu thatha iBhayibhili lakho futhi ubuye ume eceleni kwami utshengise ukuthi kayisikho.” Ixuku elithuleyo kakhulu ongakaze ulizwe. Ngathi, “Khona-ke sukani ngemva kwami.” Bona, kungaphandle kwesikolo sabo sokucabanga.

⁸³ Kukanti, bathi, “UMfowethu Branham ngumprofethi lapho egcotshiwe, kodwa lapho ugcobo lungasekho kuye, o, angazi.” Kuyi... Nxa lolu kungayisilo phawu lo—lo—lo—lowesayensi yenkolo oxubeneyo! Khona isibili...

⁸⁴ Ibala *umprofethi* litsho “umambuli weLizwi kaNkulunkulu.” ILizwi leNkosi leza kubaprofethi. Yiyo indlela uJesu abonakaliswa ngayo. Futhi bathi emva kovuko, bathi,

“Siyakwazi Wayengumprofethi kaNkulunkulu,” bona, “akula muntu owayengenza lezi zinto ngaphandle uNkulunkulu elaye,” khona-ke babengelakuwamukela umbiko Wakhe. Babengelakwamukela uJohane, futhi wayengumprofethi. Babengelakwamukela uElija, ngitsho loyedwa wabo, futhi babelesambulo sobuNkulunkulu.

⁸⁵ Ibala, ibala lesiNgisi, *umprofethi*, amabala esiNgisi angatsho loba yini, litsho “umtshumayeli.” Kodwa lapho usithi *mprofethi*, weBhayibhili elidala, kwakusitsho “umboni.” Futhi izincwadi zakhe ezichaza ngaye zaziquthi, ukuthi, lokho akukhulumayo kwagwaliseka, futhi lesi kwakuyisibonakaliso ukuthi wayengumprofethi; yena futhi wayeyisibonakaliso ukuthi wayelesambulo sobuNkulunkulu seLizwi elilotshiweyo. Futhi-ke uNkulunkulu ekuqinisa, ngemuva kwakhe, wakufakazela.

⁸⁶ Njani? Awu, kufanele nje kube ngalindlela, yikho kuphela. Akula ngenye indlela yokukubhoda. UNkulunkulu wathi kuzakuba ngaleyo ndlela, futhi nanko-ke. Kodwa nanko lapho lamuhla, bona, lesi Siboniso kufanele sibe lapho, esibonakalisa lelo Lizwi futhi silenze libe ngeleqiniso sibili. Khona-ke Wathembisa njani, Walungiselela njani bonke abantu Bakhe belizweni lesithembiso, manje, lapho Ezakuba lokuphuma lokho, okwakungumfanekiso.

⁸⁷ Manje ngizazama ukuphuma phose okweminye imizuzu elitshumi lanhlanu, amatshumi amabili, ngoMbiko. Nanzelelisisa manje, ngifuna likubambe lokhu, ngoba ngingeke ngaphinda ngilibone futhi, bona.

Nanzelela, manje khangela ukuthi Walungiselela njani abantu Bakhe.

⁸⁸ Bangaki abakwaziyo ukuthi Akaguquli indlela Zakhe na? Akakwenzi. [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Uyi...manje khangela eBhayibhilini futhi ubone nxa Wake wakuguqula. Hatshi, mnumzana.

⁸⁹ Wabalungiselela njani abantu? Kuqala, Wathumela umprofethi elesibonakaliso, okwakunguMose. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Futhi isibonakaliso sasilombiko, umbiko “wokulungiselela,” babephuma besiya elizweni elathenjiswa. Khona-ke Wayelesibonakaliso, salumprofethi, ukuthi ukuKhanya kwakuphezu kwakhe. Insika yoMlilo yalandela lumprofethi, siyakwazi lokho, yedlula enkangala kanye loMose. Siyakunazelela lokho. Futhi-ke Wabanika isiboniso okwesiqiniseko sokuthi kwakungafanelanga besabe, bonke bephazamisekile besesaba; lapho Wathi, “Lapho ngibona lesosiboniso, ngizakwedlula phezu kwenu.”

⁹⁰ Khangelani ukuthi Wakwenza njani khatesi. Walungiselela isibonakaliso kuqala, isithunywa, umbiko obonakalisiweyo, isibonakaliso sesithunywa, lesiboniso sokuqiniseka sokuthi indlela yabhadalelwa. Baya elizweni lesithembiso.

⁹¹ Into efanayo Ayenzileyo lamuhla! Kuyini Akwenzileyo? Wasithumela uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele yiSithunywa, futhi lesibonakaliso soMbhala Sakhe siyambonakalisa Yena phakathi kwethu, ofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Futhi iSiboniso yisiqiniseko. Kuyini esikwesabayo? Uhambo lwethu solubhadalelwe futhi sibonakaliswa kanye loMhlatshelo wethu. Angeke akwale. Wakuthembisa lokho. Sibonakalisiwe.

⁹² USrayeli ephuma eGibhithe, njengoba ngikhulumile, kunjengo—ngoMlobokazi ephuma ebandleni. Lapho uMose eqala inkonzo yakhe, uSrayeli wonke wabuthana ndawonye eGoshen, ukukhuleka lokukhonza, sibili, bavela endaweni zonke zaseGibhithe. Yiyo indlela uMlobokazi azayenza, uzaphuma phandle kwayo yonke iOneness, Twoness, Threeness, layo yonke inhlobo. Kuzaphuma. Kufanele kuphume. Manje siyabala lapha kumaHebheru i. . . Thina manje, into yokuqala okufanele sicabange ngayo, bavela ezindaweni zonke, “Phumani phakathi kokungakholwa.” Manje uMoya oNgcwele wathembisa ukubiza lokho ensukwini zokucina, “Phumani phakathi kwabangakholwayo.” Nanzelela.

⁹³ Siyathola kumaHebheru 10:26, ngilakho kulotshwe phansi lapha, ithi lokhu, “Uba sisona ngabomo emva kokuba sesamukele ulwazi lweQiniso, kakusekho umhlatshelo ngezono,” bona, nxa ungakholwa ngabomo.

⁹⁴ Manje nxa ungananzelela, kuyini engingakutsho lapha, nxa linganginika isikhatshana ngize ngenze lowo mzekeliso. Ngiyakuzwa eMoyeni, akuzange kuhambe kahle. Bona? Nanzelela.

⁹⁵ Nanka amaHebheru, basendleleni yabo yokuphuma. UNkulunkulu wakhetha amadoda alitshumi lambili, kumbe uMose wakhetha, ngesandla sikaNkulunkulu, ukuhamba futhi bayehlola ilizwe; futhi baphenduka, babuya lesiboniso selizwe. Futhi lapho befika khonale, abalitshumi babo babesesaba okokufa. “Ngani,” bathi, “wona amaAmaleki phezulu lapho, sikhangeleka njengentethe kibo.” UJoshuwa loKhalebu baphenduka, beletha ubufakazi, “Singakwenza!”

⁹⁶ Liyabona, lawo ngamakholwa asemgceleni. Bedlula kulezi zinto ezehlukeneyo, bedlula ebandleni, lokujoyina ibandla, lemibhaphathizo lezimo. Kodwa lapho kusiza khona phezulu ekuchapheleni ngaphetsheya ukuthatha iSiboniso, ubufakazi bokuthi iLizwe likhona, ukuthi iMpilo. . . uJesu Khristu akafanga. Kungesinye isilinganiso. Uphila kiso. Ukanye lathi, khathesi Uphakathi kwethu. Lapho kusiza kulokho, “ah,” babengeke bakukholwe lokho. Lokho kwakwedlulisile, liyabona. Futhi baphenduka, futhi babe, munye lamunye, bafa enkangala, ngitsho loyedwa wabo owachaphayo. Futhi, bona, nxa singakholwa, thina amaMethodisti, Baptisti, Presbyterian!

⁹⁷ Ngithemba umbalisi wami omdala uhlezi lapha lamuhla. UDokotela Roy E. Davis, abanengi benu liyamazi, khona lapha eFort Worth, mhlawumbe engabe ehlezi phakathi lapha. Ngiyakhumbula sazikhuluma izinto lezi, iminyaka eminengi, eminengi edluleyo. Wangibhaphathiza ekukholweni, ibandla leMissionary Baptisti.

⁹⁸ Futhi khangelani, phakathi lapha, khathesi, nxa si. . . nxa— nxa sisiza khona kulowomgcele welizwe, uthi, “Awu khona-ke, udumo kuNkulunkulu, ngakhuluma ngendimi haleluya!” Akusikho lokho. Nxa ungathi, ungakholwa loba yikuphi kwalelo Lizwi, kulenye into embi ngesehlakalo sakho. Bona?

⁹⁹ Uyabuya khona eLizweni futhi ubone likhona. Uyabona ukuthi uJesus uvukile. Uphakathi kwethu. Uyezwa iLizwi elilandela umbiko, futhi kunjalo ungaLikholwa, liyakwazi okwenzakalayo? Khona-ke bafela khona enkangala. “Nxa sisona ngabomo emva kokuba sesamukele ulwazi lweQiniso, akusela mhlathshelo wesono.” Yikho lokho iBhuku lamaHebheru elisitshela khona.

¹⁰⁰ Futhi manje khangelani, njengoba sibona izibonakaliso ezinkulu zesikhathi sokucina emhlabeni, lezo Azithembisayo, kusixwayisa okungakanani ukuthi isikhathi sesifikile. Tshiya ukungakholwa. Wozani ndawonye. Kufanele sithandane munye lamunye futhi sikholwe, futhi sizehlukalise lomhlaba.

¹⁰¹ Nanzelela, babengamelanga babuye ndawonye nje futhi bakhulume ngombiko. Babefanele bengene kiwo, bangene ngaphansi kwegazi. Hatshi ukubuya bathi, “Liyazi, uMose wasitshela, isithunywa, sathi, wasitshela ukuthi kufanele sibe legazi. Licabangani ngakho, bafana?” Kwakungayisikho lokho. Bulalani iwundlu, futhi lifake igazi phezulu lapho!

¹⁰² Singabuya futhi sihlale futhi sivumelane leLizwi, layo yonke into, kodwa singela leso Siboniso, kusinceda ngani? Akusincedi ngalutho. Ngena ngaphansi Kwaso. Wayengela mlandu kuloba ngubani ongekho ngaphansi kwalelo gazi. Futhi Akala mlandu kuloba ngubani, lamuhla, ongekho ngaphansi kweSiboniso.

¹⁰³ Imuli yonke, ivikelekile kuphela lapho bengaphansi kwesiboniso, futhi isiboniso sasitshengiswa. Imuli yonke! Liyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—uMhl.] Lamuhla kufanele sikukhumbule lokho, bantu. Abantwana bethu!

¹⁰⁴ Futhi lesi sikhathi sabontanga esombhedo le rock-and-roll, lezinto esidlula kizo, lawo wonke lapha amaBeatles lezibungu, futhi liyakwazi ukuthi konke kufanekisiwe lapha eBhukwini, leBhayibhili? Liyakutsho lokho kuSambulo. Ngempela, liyakutsho. Ukuthi kanjani abantu, bona, baya—baya. . . ba, ba, bona, ba, bona kaba. . . Bafile. Kabangeke bavuke. Babengekho laPhakade. Babengekho ngitsho lasekuCabangeni, ngakho bazabhubha. Bazakuqedwa nini lanini, batshabalaliswe

ngokupheleleyo. Bazajeziswa okwesikhathi eside kakhulu, ngalokho abakwenzayo, kodwa loba yini elesiqalo ilesiphetho.

¹⁰⁵ Yilokho okungela siqalo, okungela siphetho. Kulesimo esisodwa seMpilo elaPhakade. Isimo esisodwa seMpilo elaPhakade, silwela lokho. Nanzelela.

¹⁰⁶ UJoshuwa, isahluko 2 sikaJoshuwa, isifebe soweZizwe esikholwayo sasizwile, lemuli yaso, futhi sabaletsa ngaphansi kwelembu elibomvu, okwakuyisiboniso esivela kuzithunywa zikaJoshuwa. INgilosi kaNkulunkulu ebhubhisayo yahlonipha leso siboniso, futhi leso kuphela, kulelo dolobho. Kwakulesidingo sikaNkulunkulu, ngezinceku Zakhe, ukuthi uNkulunkulu wayedinga lesisiboniso, futhi kwakuyikho kuphela. Kangilandaba uba kwakungumeya wedolobho, uba kwakungumuntu ongcwele sibili edolobheni, uba babehamba ebandleni elikhulu edolobheni, yonke into edolobheni yawa ngaphandle kwaleyondlu. UNkulunkulu, kuphela, wahlonipha lesosiboniso.

¹⁰⁷ Nanzelela, iJerikho yayizwile ukuthi uNkulunkulu wayesenza izinto ezinkulu, kodwa kabazange balalele isixwayiso.

¹⁰⁸ Kunjalo ngabantu lamuhla besizwa lokho uNkulunkulu ayekwenza okweminyaka emilutshwana yokucina, kodwa kabasoze balalele kukho. Lawa amandla amakhulu omusa lezibonakaliso, njengalokho Wathembisa, “Njengalokho kwakunjalo ngezinsuku zeSodoma, kuyakuba njalo.” Ukuthi Wathembisa njani ukuthi leyonto izakubanjalo! Khangela lokho okwathatha indawo eSodoma. Khumbula, kwakulesibonakaliso seSodoma. Kodwa isithunywa, sikaMalaki 4, singesoku “buyisela inhliziyo zabantu kubobaba, obaba bamaphentekostali, babuyele eBhayibhili.” Akungeke kube leBhayibhili futhi, enye into. Lesi yiso sonke isambulo sikaNkulunkulu.

¹⁰⁹ Futhi omunye uthi, “Awu, ngikholwa *lingxenye*, kangazi ngaLeyo.”

¹¹⁰ Isithunywa esiqotho sikaNkulunkulu siyakubuyisela emuva kuyo yonke Into! Bona? Nanzelela, yikho lokho uMoya oNgcwele akwenzayo, uyakubuyisela kulo lonke iLizwi likaNkulunkulu.

¹¹¹ Umusa Wakhe utshengisiwe, ukwahlulela Kwakhe kwakulandela. Bangabe bakholwa ukuthi babevikelekile ezakhiweni zabo ezinkulu zenhlanganiso yesonto ababelazo lapho eJerikho, kodwa bafumana ukuthi akusebenzanga.

¹¹² Kwakumele ukubakhona abanye be . . . mhlawumbe bangena phakathi lapho ngenye indlela, kwakukhona abafana ababili abangena phakathi lapho, futhi batshelwa ukuthi balethe ndawonye yonke imbewu emiselwe ngaphambili. Futhi wathola . . . futhi wasebenzisa indlu yakhe okwebandla, futhi

wamukela izithunywa; futhi-ke wathola bonke edolobheni lakhe, ababengakholwa, ngaphansi kwesiboniso.

113 Umfazi oyedwa kuwo wonke lowo mnotho omkhulu! Umfazi oyedwa omncinyane, laye engowodumo olubi, mhlawumbe exotshiwe emabandleni wonke edolobheni, kodwa wakholwa lesi sithunywa. Futhi lesi sithunywa satshiya isiboniso, isibonakaliso, futhi uNkulunkulu wahlonipha isiboniso. Kunjalo lalamhlanje. Khumbula nje, lapho umbhubhisi wololaka lukaNkulunkulu owezayo, ihlelo elikhulu lawa, isiboniso sagcina indlu yakhe ivikelekile. Kungeyisikho ukuba wayengumfazi olungileyo; ngoba wayelokholo futhi wabeka isiboniso.

114 Manje aluba wathi, “Yebo, labo babengabantu abahle, ngempela ngikholisile umbiko abawunikezayo, kodwa, qiniso, kuzwakala angathi yibuzanka ukuba laleyontambo ilenga phandle kwefasitela lami, ngizayidonsela phakathi nje?” Yayiyakuwa. Yayiyakuwa. UNkulunkulu wahlonipha isiboniso kuphela, okufanayo njengesiboniso sempilo esiyikho eGibhithe.

115 UJoshuwa wayengumfanekiso kaJesu, ngoba *Joshuwa* kutsho “Jehova-umsindisi.” Wayengumfanekiso kaJesu, wayeqinisekile esibonakaliseni sesiboniso sesithunywa sakhe esatshumayelayo. UJoshuwa wahlala eqinisekile kulesi sibonakaliso sesiboniso. Bonke ababengaphansi kwaso basindiswa, eGibhithe. Bonke ababengaphansi kwaso basindiswa, eJerikho.

116 IGazi leWundlu lingumfanekiso lamuhla weSiboniso, ukuthi uMoya oNgcwele uyiSiboniso salamuhla. Bonke abangaphansi Kwaso bavikelekile. Bonke abangekho ngaphansi Kwaso kabavikelekanga. KumaHebheru 13:10 lo 20, Ubizwa “isivumelwano esingapheliyo.” Isivumelwano esidala sasingenye into, lesi ngeSitha, lesi siyi “sivumelwano esingapheliyo.”

